



## Celebrate with us!

This is a very special edition of the Nalibali Supplement – it's the 150th edition AND we're celebrating World Read Aloud Day. World Read Aloud Day is celebrated by people from all over the world who are passionate about children's books and reading. Every year Nalibali joins in these celebrations to raise awareness in our own country of how reading aloud supports children's literacy development. Reading aloud to children on World Read Aloud Day shows our commitment to the power of literacy, and is a very practical way of showing everyone that we think reading matters. Join us on 1 February 2019 and play your part in growing a nation of readers!

## Gubha kanye nathi!

Lolu wushicilelo olukhethekile lweSithasiselo sikaNalibali – wushicilelo lwe-150 FUTHI sigubha Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale. Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale lugujwa ngabantu basemhlabeni wonke abanentshisekelo ngezincwadi zezingane kanye nokufunda. Njalo ngonyaka uNalibali uyahlanganyela kule migubo ukuqwashisa ezweni lakithi ngokuthi ukufunda kuzwakale kuzelekelela kanjani izingane ekukhuliseni ukufunda nokubhala. Ukufundela izingane kuzwakale ngoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale kukhombisa ukuzinikela kwethu emandleni okukwazi ukufunda nokubhala, futhi kuyindlela esobala yokukhombisa wonke umuntu ukuthi sicabanga ukuthi ukufunda kubalulekile! Hlanganyela nathi mhla lu-1 kuNhlolanja kowezi-2019 udlale eyakho indima ekukhuliseni isizwe sabafundi bezincwadi!

### READING ALOUD TIPS

1. Reading aloud is always a performance! Put lots of expression in your voice to create the right mood.
2. If you are reading to a group of children, practise reading the story aloud a few times before reading it to them.
3. Start by reading the name of the author and illustrator so that your children appreciate that books are created by people just like them!
4. Allow time for your children to look at the pictures and comment, if they want to.
5. Help develop your children's prediction skills by asking questions like, "What do you think is going to happen next?" once or twice during the story.
6. Help develop empathy as you read by occasionally asking questions like, "I wonder how Afrika felt?"



### INSIDE!

A special Nalibali World Read Aloud Day cut-out-and-keep book, *Where are you?*, (pages 5, 6, 11 and 12).

### NGAPHAKATHI!

Incwadi ekhethekile kaNalibali yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale oyisika uyikhiphe bese uyigcina ethi, *Ukuphi?*, (amakhasi 5, 6, 11 nele-12).

### AMACEBO OKUFUNDA KUZWAKALE

1. Ukufunda kuzwakale kuhlale kungumlalo wokulingisa! Zwakalisa kakhulu imizwa ephinjeni lakho ukuze wakhe umoya othile.
2. Uma ufundela iqembu lezingane, zijwayeze ukufunda indaba kuzwakale kaningana ngaphambi kokuzifundela.
3. Qala ngokufunda igama lombhali kanye nelomdwebi wemifanekiso ukuze izingane zakho zikwazise ukuthi izincwadi zenziwa ngabantu abafana nazo!
4. Nika izingane zakho isikhathi sokubuka izithombe bese ziphawula, uma zifuna ukukwenza lokhu.
5. Siza ukuthuthukisa amakhono ezingane zakho okuqagela okuzokwenzeka endabeni ngokubuza imibuzo efana nokuthi, "Ngabe nicabanga ukuthi yini ezolandela?" kanye noma kabili phakathi nendaba.
6. Siza ukuthuthukisa uzwelo ngenkathi ufunda ngokulokhu ubuza imibuzo enjengokuthi, "Kazi u-Afrika wayezizwa kanjani?"



### 8 benefits of reading aloud

#### Reading aloud to your children:

- ★ shows them that you value books and reading.
- ★ gives you things to talk about together.
- ★ builds a bond between you.
- ★ allows them to experience reading as a satisfying activity.
- ★ motivates them to learn to read for themselves and then to keep reading.
- ★ shows them how we read and how books work.
- ★ lets them enjoy stories that are beyond their current reading ability.
- ★ develops their imagination, vocabulary and language abilities.

### Inzuzo eyi-8 yokufunda kuzwakale

#### Ukufundela kuzwakale izingane zakho:

- ★ kuzikhombisa ukubaluleka kwezincwadi kanye nokufunda.
- ★ kunikeza izinto eningaxoxa ngazo ndawonye.
- ★ kwakha ukuxhumana phakathi kwenu.
- ★ kuzivumela ukuthi zizizwele ukuthi ukufunda kuwumsebenzi owenelisayo.
- ★ kuzikhuthaza ukuthi zifunde ukuzifundela, nokuthi ziqhubeke nokufunda.
- ★ kuzikhombisa ukuthi sifunda kanjani nokuthi zisebenza kanjani izincwadi.
- ★ kuzivumela ukuthi zithokozele izindaba ezingaphezu kwezinga lazo lokwazi ukufunda lamanje.
- ★ kuthuthukisa indlela yokucabanga ngokujubalala, amagama eziwaziyo kanye nokwazi ulimi.



Drive your  
imagination



IT STARTS WITH  
A STORY.  
KUQALA  
NGENDABA  
EXOXWAYO.



# Join us on World Read Aloud Day!

Since 2013, Na'ibali has been bringing you a special story to celebrate World Read Aloud Day. Last year, the story was read to over one million children on one day! This year's story, *Where are you?*, features some of our much-loved Na'ibali characters. It was written by award-winning children's author, Ann Walton, and illustrated by cartoonist, Rico. Read it to the children in your life this World Read Aloud Day, 1 February 2019, and be part of the excitement!

## How to join in

1. Go to [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) to sign up your family, reading club or school and help make this the biggest World Read Aloud Day celebration in South Africa.
2. Make Na'ibali World Read Aloud Day badges with your children. Use the template on page 16, or design your own badges.
3. On 1 February 2019, read our special World Read Aloud Day story to:
  - ★ your own children, grandchildren, nieces and nephews
  - ★ children in your class or at your school
  - ★ groups of children at specially arranged events at your reading club, library or community centre.
4. Do other fun World Read Aloud Day activities. Use the ideas on page 3 to help you.

# Hlanganyela nathi ngoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale!

Kusukela ngo-2013, uNa'ibali selokhu ekulethela indaba ekhethekile yokubungaza Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale. Ngonyaka odlule, indaba yafundelwa izingane ezingaphezu kweziyisigidi ngosuku olulodwa! Indaba yalo nyaka ethi, *Ukuphi?*, ibandakanya abanye babalingiswa abathandwayo bakaNa'ibali. Yabhalwa umbhali wezindaba zezingane oseke waklonyeliswa, u-Ann Walton, imifanekiso yakhona yadwetshwa ngumdwebi wopopayi, uRico. Yifundele izingane ezisempilweni yakho kulolu Suku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, ngomhla lu-1 kuNhlolanja 2019, uhlanganyele kulo mgubho wentokozo!

## Indlela yokuhlanganyela nathi

1. Vakashela isizindalwazi esithi [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma u-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) usayinele umndeni wakho, ithimba lokufunda noma isikole, usize ukwenza lo mgubho woSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale ube ngomkhulukazi eNingizimu Afrika.
2. Yakha nezingane zakho amabheji kaNa'ibali oSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale. Sebenzisani isibonelo okugcwaliswa kuso esisekhasini le-16, noma nidizayine awenu amabheji.
3. Ngomhla lu-1 kuNhlolanja wezi-2019, funda indaba ekhethekile yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale ufundele:
  - ★ izingane zakho, abazukulu, nabashana bakho
  - ★ izingane ezisekilasini lakho noma esikoleni sakho
  - ★ amaqoqo ezingane emicimbini ehlelwe ngokukhethekile ethimbeni lakho lokufunda, emtatsheni wezincwadi noma esikhungweni somphakathi.
4. Yenza eminye imisebenzi ejabulisayo yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale. Sebenzisa amasu asekhasini lesi-3 ukuze usizakale.

## REMEMBER!

We need to read aloud to our children every day - not only on World Read Aloud Day! If we read to them for just 15 minutes every day in 2019, we will have read to them for 5 475 minutes by the end of the year. That's 91½ hours of reading fun!

## KHUMBULA!

Sidinga ukufundela izingane zethu kuzwakale nsuku zonke - hhayi nje kuphela ngoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale! Uma ngabe sizifundela imizuzu eyi-15 nje nsuku zonke ngowezi-2019, sizobe sesizifundele imizuzu eyizi-5 475 ngokuphela konyaka. Lokho ngamahora angama-91½ entokozo yokufunda!



The simple act of reading aloud on World Read Aloud Day is about more than people sharing stories they enjoy. It also shows our children and others around us that:

- we think reading is important.
- we are committed to helping children become readers by reading aloud to them regularly.
- we believe that everyone has the right to learn how to read!

Isenzo esilula sokufunda kuzwakale ngoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale simayelana nokungaphezudlwana nje kwabantu ababelana ngezindaba abazithokozelayo. Siphinde sikhombise izingane zethu nabanye abaseduze kwethu ukuthi:

- sicabanga ukuthi ukufunda kubalulekile.
- sizinikele ekusizeni izingane ukuthi zibe ngabafundi bezincwadi ngokuzifundela kuzwakale njalo nje.
- sikholwa ukuthi wonke umuntu unelungelo lokufunda indlela yokufunda okubhaliwe!





# Activities for World Read Aloud Day



1. Let your children make their World Read Aloud Day badges (see page 16) before 1 February so that they can wear them on World Read Aloud Day.

2. Read the special World Read Aloud Day story, *Where are you?*. Go to [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) and sign up to let us know how many children you read to.

## How to share the story

- ★ Before you read the story, introduce it to the children. Ask them, "Have you ever got lost? How did you feel?" Encourage them to share their experiences with you.
- ★ Read the story, *Where are you?*, to the children. (Practise reading it aloud a few times before you read it aloud to them.) Bring the story alive by putting lots of expression into your voice and using body actions as you read.
- ★ After you have read the story, ask the children these questions.
  - ☉ Do you think Afrika's mother got lost, or was it Afrika who got lost? Why do you think this?
  - ☉ If you lost someone in a busy place, what could you do to try to find them? How many different suggestions can you think of?



# Imisebenzi yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale



1. Dedela izingane zakho zizenzele amabheji oSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale (bhaka ikhasi le-16) ngaphambi komhla lu-1 kuNhlolanja yikhona zizowagqoka ngalo uSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale.

2. Funda indaba ekhethekile yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale ethi, *Ukuphi?*. Vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) ubhalise bese usazisa ukuthi zingaki izingane ozifundelayo.

## Kwabelwana kanjani ngendaba

- ★ Ngaphambi kokuba ufunde indaba, yethule ezinganeni. Zibuze uthi, "Ingabe wake walahleka? Wazizwa kanjani?" Zikhuthaze ukuba zikuxoxele ngalokho ezake zabhekana nakho.
- ★ Fundela izingane indaba ethi, *Ukuphi?*. (Zejwayeze ukuyifunda uphimisele izikhathi eziningana ngaphambi kokuba uyifunde kuzwakale.) Yenza indaba ihlabahlose ngokushintshashintsha iphimbo lakho ulingise nangomzimba wakho ngenkathi ufunda.
- ★ Emva kokuba usuyifundile indaba, buza izingane le mibuzo.
  - ☉ Ucabanga ukuthi unina ka-Afrika wayelahlekile, noma mhlawumbe kwakungu-Afrika owayelahlekile? Kungani ucabanga lokhu?
  - ☉ Uma udukelwe umuntu endaweni ephithizelayo, yini ongase uyenze ukuze uzame ukumthola? Mingaki imibono eyahlukene ongayicabanga?

3. Choose some of the activities suggested for *Where are you?* in the "Get story active!" section on page 15.


3. Khetha eminye yemisebenzi ephakanyiselwe indaba ethi, *Ukuphi?* engxenyeni ethi "Yenza indaba ihlabe umxhwele!" ekhasini le-15.

4. **At your school:** Arrange a special assembly to celebrate World Read Aloud Day and have one or more of the staff read our story, *Where are you?*, to the children. Organise for the older children to read to the younger children some time during the day.



5. **In your classroom:** Find something to use as a sound signal, like a drum or a plastic bottle filled with dried beans. Throughout the day on 1 February, whenever the children hear the sound signal, they should stop what they are doing and listen to you read a different story (or a chapter from a novel) to them.

6. **At your library or reading club:** Make World Read Aloud Day 2019 posters. Let the children cut out letters or words and pictures from magazines and newspapers, draw pictures and write their own words. Encourage them to make up and include slogans on their posters that encourage adults to read to children.



4. **Esikoleni sakho:** Hlela ukubuthana kwabafundi okukhethekile kwasekuseni ukuze kugujwe uSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale bese ucela omunye noma ababili babasebenzi bafundele izingane kuzwakale indaba yethu ethi, *Ukuphi?*. Hlela ukuba izingane esezikhulile zifundele lezi ezisezincane ekuqhubekeni kosuku.

5. **Egumbini lakho lokufundela:** Thola okuthile ozokusebenzisa njengophawu lomsindo, njengesigubhu noma ibhodlela lepulastiki elinobhontshisi owomisiwe. Kulo lonke usuku lomhla lu-1 kuNhlolanja, noma nini lapho izingane zizwa umsindo lo, kufanele ziyeke konke ezikwenzayo bese zikulalela uzifundela indaba eyehlukile (noma isahluko senoveli).

6. **Kumtapo wakho wezincwadi noma ethimbeni lokufunda:** Yenza amaphosta oSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale lwangowezi-2019. Dedela izingane zisike izinhlamvu zamagana noma amagama nezithombe emaphephabhukwini nasemaphephandabeni, zidwebe izithombe bese zibhala awazo amagama. Zikhuthaze ukuba ziziqambe futhi zibandakanye kumaphosta iziqubulo ezikhuthaza ukuba abantu abadala bafundele izingane.

## WIN! WINA!




For a chance to win some Book Dash books, write a review of the story, *That's not Thabi!* (pages 7 to 10), and email it to [team@bookdash.org](mailto:team@bookdash.org), or take a photo and tweet us at [@bookdash](https://twitter.com/bookdash). Remember to include your full name, age and contact details.

Ukuthola ithuba lokuwina ezinye izincwadi zakwa-Book Dash, bhala iqoqa elihlaziya indaba ethi, *Akuyena uThabi!* (amakhasi 7 kuya kwele-10), bese ulithumela nge-imeyili ku-[team@bookdash.org](mailto:team@bookdash.org), noma uthwebule isithombe bese uxhumana nathi ngothwitha ku-[@bookdash](https://twitter.com/bookdash). Khumbula ukufaka igama lakho eligcwele, iminyaka yobudala kanye neminingwane yokuxhumana.







# 150 editions of Na'ibali ★ Izintshicilelo eziyi-150 zikaNa'ibali



## Create TWO cut-out-and-keep books

- Take out pages 5 to 12 of this supplement.
- The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
- Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
  - Fold the sheet in half along the black dotted line.
  - Fold it in half again along the green dotted line.
  - Cut along the red dotted lines.



## Zenzele ezakho izincwadi **EZIMBILI** ozosisika uzikhiphe bese uzigcina

- Khapha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
- Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
- Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
  - Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
  - Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
  - Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Drive your  
imagination









“Ngingu-Afrika mina. Wakuftunda kanjani ukwenza lokho?”  
kubuza u-Afrika.

“Ngingu-Asanda,” iphendula.

“Hawu!” kusho u-Afrika, ehlabeke umxhwele. “Ungubani igama lakho?”

“Weei!” kusho intombazane eduze kwakhe. “Ngizokukhombisa ukuthi kwenziwa kanjani lokho!” Yathatha ibhodlela likadlilinki, yalibeka ekhanda layo, yabhekisa ikhala layo phezulu emoyeni, yahamba izungeza u-Afrika njengenkosazane yasebukhosini.

“We’re going shopping! We’re going shopping!” Afrika jumped up and down in front of Dintle. His mother, Mme wa Afrika, smiled at him, and Dintle clapped her hands.

“Yes,” said Mme wa Afrika, “so put your shoes on. We have to hurry. We still have to walk to the bus stop.”

“Siya kothenga! Siya kothenga!” U-Afrika wagxumagxuma phambi kukaDintle. Unina, uMme wa Afrika, wavela wamamatheka, uDintle yena washaya izandla.

“Yebo,” kusho uMme wa Afrika, “ngakho gqoka izicathulo zakho. Kufanele siphuthume. Sisazohamba siye esitobhini sebhasi.”



“Yiphimbo likamama lelo,” kwasho u-Afrika. “Hawu, bandle, ulahlekile! Ngityamuzwa ukuthi ukhathazekile. Kuzwakala sengathi useduze kompheme wezincwadi. Woza, asigijime, Asanda!”  
Afrika! Ukuphi?”  
Uthe engalindele nje u-Afrika wezwa kubizwa igama lakhe! “Afrika! U-Asanda no-Afrika bahambisana phakathi kwezixuku zabantu. usekhona emphemeni. Asihambe siyombhekai” kucebisa u-Asanda. yezindaba ngemali ebengiyibekile. Mhlawumbe umama wakho vele “Nami ngiya kulowo mpheme wezincwadi! Ngityothenga incwadi emphemeni wezincwadi laphaya ekhoneni, kodwa manje uselahlekile!”  
“Umama wami ulahlekile!” kwasho u-Afrika ku-Asanda. “Besiya

run, Asanda!”  
“That’s my mother’s voice,” said Afrika. “Shame, she is lost! I can hear she’s upset. It sounds as though she’s near the book stall. Come, let’s are you?”  
All of a sudden Afrika heard his name! “Afrika! Afrika! Where Together Asanda and Afrika walked through the crowds of people.

find her!” suggested Asanda.  
the money I’ve saved. Maybe your mama is at the book stall. Let’s go “I’m going to the book stall too! I’m going to buy a storybook with

Asanda. “We were on our way to the book stall on the corner, but now she’s gone!”  
“My mother is lost!” said Afrika to








Lucy kept looking around the garden.  
 ULucy waqhubeka ebheka ezungeza  
 esivandeni.

“That’s not Thabi! That’s a hippopotamus!”  
 “Akuyena uThabi! Leyana yimvubu!”



**That’s not Thabi!**  
**Akuyena uThabi!**



Jon Keevy  
 Mbongeni Fongoqa  
 Roulé le Roux



Lots more free books at [bookdash.org](http://bookdash.org)

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your  
 imagination

“Ukuphi uThabi?” uLucy ebuza uBaba.  
“UThabi uyabhukuda echibini.”

“Where’s Thabi?” Lucy asked Pa.  
“Thabi’s swimming in the pool.”




Lucy woke up. Her sister, Thabi, wasn’t in her bed.

ULucy waphaphama. Udadewabo, uThabi, wayengekho embhedeni wakhe.


“Ukuphi uThabi?” uLucy ebuza kumakhelwane.  
“UThabi uyadlala epaki.”

“Thabi’s playing in the park.”  
“Where’s Thabi?” Lucy asked the neighbour.




“Ngiyabonga,” kusho uThabi. “Kunesidina ukuba ngaphakathi kwemvubu.”






“That’s not Thabi! That’s a hippopotamus!”  
“Akuyena uThabi! Leyana yimvubu!”



Lucy looked all over the house.  
ULucy wacinga yonke indlu.



“Thanks,” said Thabi. “It’s very boring  
inside a hippopotamus.”



“Where’s Thabi?” Lucy asked Ma.  
“Thabi’s in the kitchen eating breakfast.”  
“Ukuphi uThabi?” uLucy ebuza kuMama.  
“UThabi usekhishini udla isidlo sasekuseni.”





Then Lucy heard a funny noise. She gave the  
hippopotamus a big tickle.  
Emva kwalokho uLucy wezwa umsinjwana  
ongeywayelekile. Wabe esekitiza  
imvubu kakhulu.



“There’s Thabi!”

“Nanguya uThabi!”



“Akuyena uThabi! Yimvubu leya!”



“That’s not Thabi! That’s a hippopotamus!”





Together the children ran to the book stall, and there, right in front of it, were Mme wa Afrika and Dintle. Mama opened her arms and Afrika ran straight into them.

“Hello, Mama, are you alright?” asked Afrika. “Don’t worry now, we’ve found you and Dintle. You aren’t lost anymore.”

Dintle was very happy to see her big brother. Afrika bent down and gave her a hug.

Zombili izingane zagiymela emphezeni wezincwadi, nempela khona lapho, phambi kwawo, kwakumi uMme wa Afrika noDintle. UMama wawula izingalo zakhe u-Afrika wagiymela kuzona.

“Yebo, Mama, ingabe konke kulungile?” kubuza u-Afrika.

“Ungabe usakhathazeka manje, sesinitholile ninoDintle. Anisalahlekile manje.”

UDintle wayejabule kakuhlu ukubona umnewabo. U-Afrika wagobela kuyena wamgona.

“Please, may I have it?” Afrika asked his mother.

“Yes, if you like it,” said Mama.

Then it was time to go. “Look, Asanda! I’m taking my book home on my head!” Afrika said, balancing his new book on his head.

“Don’t forget to keep your nose in the air, like a prince!” laughed Asanda.

“Ngiyayicela bandla, Ma!” kucela u-Afrika kunina.

“Yebo, uma uyithanda ungayithatha,” kusho uMama.

Kwabe sekuyisikhathi sokuba bahambe. “Bheka, Asanda! Ngizogoduka nencwadi yami ngiyithwele ekhanda!” kusho u-Afrika, ethwele incwadi yakhe entsha ekhanda.

“Ungakhohlwa ukuphakamisa ikhala lakho emoyeni, njengomntwana wasebukhosini!” kuhleka u-Asanda.

Afrika watched the lady walk away until she disappeared into the crowds of people standing in between the market stalls.

“I bet I can carry things on my head too!” Afrika said to himself. He saw an empty plastic cooldrink bottle on the ground. He picked it up and put it on his head, but he had to hold onto it because it kept falling off.

“Eish!” said a girl right next to him. “I’ll show you how to do that!” She took the cooldrink bottle, put it on her head, and with her nose in the air, she walked around Afrika like a proud princess.

“Yohi!” said Afrika, very impressed. “What’s your name?”

“I’m Asanda,” she said.

“I’m Afrika. How did you learn to do that?” Afrika asked.

U-Afrika wambuka owesifazane ehamba waze wayosithela ezixukwini zabantu ababemile ngasemiphemeni yasemakethe.

“Ngiqinisile, nami ngingazithwala izinto ekhanda!” kusho u-Afrika ezicabangela. Wabona ibhodlela lepulasitiki likadlilinki elase lingenalutho phansi. Walicoshwa wase elibeka ekhanda lakhe, kodwa kwadingeka alibambe ngoba lalilokhu liwa.

At the bus stop, there were a lot of people waiting for the bus. And when they all got onto the bus, everyone was a bit squashed. Mme wa Afrika held Dintle on her lap. Then a lady sat down next to her. Afrika sat on the other side of his mother, squashed against the window. But he didn’t mind at all because it meant that he could look out of the window.



Finally the driver called out, “Last stop!”

“Come on, Afrika. This is where we get off,” said his mother.

Esitobhini sebhasi, babebaningi abantu nabo ababelinde ibhasi. Lapho bonke sebengene ebhasini, wonke umuntu wayempintshekile nokho. UMme wa Afrika wayegone uDintle. Kwase kuhlala omunye wesifazane eduze kwakhe. U-Afrika wayehlezi ngaleyana kukanina, empintshekile ngasefasiteleni. Kodwa wayengakhathazekile neze ngoba kwakusho ukuthi uzokwazi ukubuka ngefasisitela.

Ekugcineni umshayeli webhasi wamemeza wathi, “Isitobhi sokugcina!”

“Woza, Afrika. Sesiye hla lapha,” kusho unina.






“Mama, this is Asanda, my new friend,” said Afrika. “She taught me how to balance a cooldrink bottle on my head. She wants to buy a book.”

“Hello, Asanda, I am glad to meet you,” said Mme wa Afrika smiling. “Now, let’s look at the books and see what we can find! Afrika, remember you wanted to learn how to make a bird house.” They all spent some time looking at the books and Mama found one which showed you how to make different things from wood.

“Mama, lona ngu-Asanda, umngani wami omusha,” kusho u-Afrika. “Ungifundise ukuthwala ibhodlela likadilinki ekhanda lingawi. Ufuna ukuthenga incwadi.”

“Sawubona-ke, Asanda, ngiyajabula ukukwazi,” kusho uMme wa Afrika emamatheka. “Manje-ke, asibheke izincwadi sibone ukuthi singatholani! Afrika, khumbula ukuthi ubufuna ukufunda ukwakha indlu yenyoni.” Bonke bachitha isikhathi bebheka izincwadi, uMama wathola eyayifundisa ukwenza izinto ezahlukene ngokhuni.



After they got off the bus, Mme wa Afrika tied Dintle on her back. “Stay close to me,” she told Afrika. “This is a very busy place.” It was busy. There were people carrying bags and pushing trolleys full of shopping. There was also a lady with her shopping balanced on her head.

“Can you do that, Mama?” Afrika asked his mother.

“Do what?” asked Mme wa Afrika.

“Carry things on the top of your head like that,” said Afrika.

“Of course I can. It’s easy,” said his mother.

Emva kokuba behlile ehasini, uMme wa Afrika wabeletha uDintle emhlane. “Yiba seduze kwami,” etsyela u-Afrika. “Le ndawo inesiphithiphithi kakhulu.”

*Ngempela kwakunesiphithiphithi. Kwakunabantu ababephetha izikhwama beqhuba izingola ezigcwele izimpahla ezithengile. Kwakukhona futhi nowesifazane owayethwele ekhanda izimpahla zakhe ayezithengile.*

“Ungakwenza lokhu wena, Mama?” u-Afrika ebuza unina.

“Ukwenzani?” kubuza uMme wa Afrika.

“Ukuthwala izinto ekhanda lakho kanjeya,” kusho u-Afrika.

“Hawu, yebo. Kulula,” kuphendula unina.





# Feleng learns to read

By Joanne Bloch ■ Illustrations by Anita Sent




Feleng the fishmoth loved stories. "Mama," he said every night, "please tell us a story. I promise we'll go to sleep straight afterwards. Please, please, please!"

Mama Fishmoth only knew one story, and she was a bit tired of telling it. But Feleng and the other fishmoth children begged so much that she always gave in. She told them about her adventures in the kitchen. She spoke about her long journey there, and about all the big, strange things she had seen in the cupboards. "Humans use so many things, like cups and plates and spoons," she said. "Humans are very strange!"

The best part of the story came when Mama Fishmoth told the children about all the food she had tasted. "There were breadcrumbs, apple peels, delicious lumps of porridge and grains of sugar behind the stove ..." she said.

"Yum!" they murmured in dreamy voices. "Yum, yum!"

But soon their eyes grew huge. She had reached the terrible part of her story – the day a human had tried to squash her. "I ran for my life!" said Mama Fishmoth, rolling her eyes, and all the fishmoth children shivered and moaned and twitched their feelers ... That meant it was time for bed.



One day, Mama Fishmoth told her children to go out for lunch. "Feleng, you are the oldest," she said. "Please take good care of your sisters and brothers."


Fishmoths don't eat every day, so the little fishmoths were very excited. Impatiently they waited until the humans had left and the house was quiet. Then one by one, they slid out of the crack in the wall where they lived. "Follow me," whispered Feleng. "Do exactly what I do."

Up, up, up the leg of a huge table they slithered. On the table were three or four open books with paper and crayons scattered about. "Look at all this tasty food, just lying here waiting for us!" chuckled Feleng's sister Phuti. "It's a good thing the human children are so messy!"

"Yum!" said all the fishmoth children as they climbed into the spine of one of the books. "Yum, yum!"

But suddenly, Feleng spoke. "Don't eat the books," he said. "Eat that instead." He pointed to a crumpled up drawing. "That will be tastier. There's lovely crayon on it."

"Oh, all right," said his brothers and sisters. They were too hungry to fight with him. Soon they were all busy nibbling at the drawing – all except Feleng. First, he stared at the black squiggles and the bright pictures on the open pages of the book. Then he climbed up into it, and began to move slowly and carefully from squiggle to squiggle. At first, his brothers and sisters were too busy munching to notice what he was doing. But after a while, his little sister Fifi looked up. "What are you doing, Feleng?" she asked in her high, squeaky voice. "Why aren't you eating?"



Feleng just smiled. "You wait and see," he said. "I'll tell you later."

That night, when the little fishmoths were cuddling up to their mother in the crack in the wall, Feleng started to speak. "I know what you want!" said Mama Fishmoth. She was in a good mood after her peaceful day alone at home. "You want me to tell you a story."

Feleng grinned. "Not tonight," he said. "Fifi, tell Mama what I did today."

When Mama Fishmoth heard how Feleng had moved along the squiggles in the book while the other children were eating, his mother was a bit worried. "What were you doing, Feleng?" she asked. "All children need to eat, you know."

"I can eat tomorrow," said Feleng. "Today I did something even better – I learnt how to read!" Then he explained how he had looked from the black marks on the page to the pictures. "I realised they were telling me something," he said. "After some time, I started to understand what the squiggles meant ... they are letters, and letters make words. And words make sentences, and sentences make stories. So tonight, you can rest, Mama – tonight it's my turn to tell YOU a story!"

With that, Feleng told his mother and brothers and sisters a story about a human child who went down to the river and met a crocodile. "What's a river? What's a crocodile?" shouted the little fishmoths.

"I don't know," laughed Feleng. "I'll have to find out tomorrow. But the picture showed a huge, scary creature with a very big mouth."

"Like a human!" said Mama with a shudder, and all the fishmoth children shivered and moaned and twitched their feelers ... That meant it was time for bed.





# UFeleng ufunda ukufunda okubhaliwe

Ikhona  
lezindaba



**NguJoanne Bloch ■ Imidwebo ngu-Anita Sent ■ Ihunyushwe nguBusisiwe Pakade**


Umvunya onguFeleng wawuthanda izindaba. “Mama,” kusho yena ebusuku, “sicela usixoxele indaba. Ngiyethembisa sizolala ngemuva kwalokho. Ngiyakucela, ngiyakucela, ngiyakucela bandla!”

UMama uMvunya wayazi indaba eyodwa kuphela futhi wayesekhathele ukuyixoxa. Kodwa uFeleng kanye nezinye izingane zomvunya zazimncenga kakhulu kangangoba wayegcina esevumile. Wayebaxoxela ngalokho okwakwenzeka ekhishini. Wayekhuluma ngohambo lwakhe olude oluya lapho, nangazo zonke izinto ezinkulu, ezixakile ayezibone emakhabetheni. “Abantu basebenzisa izinto eziningi ezifana nezinkomishi, amapuleti nezipuni,” kusho yena. “Zixakile ngempela!”

Ingxenywe emnandi endabeni yayiba lapho uMama uMvunya esetshela izingane ngakho konke ukudla ayekuzwile. “Kwakukhona izimvuthu zesinkwa, amakhasi amahhabhula, izingqumbi ezimnandi zephalishi nezinhlayiya zikashukela ngemuva kwesitofu ...” kusho yena.

“Ncamu!” bevungama ngamazwi angathi bayaphupha.

Kodwa ngemuva kwalokho wafika engxenyeni engemnandi yendaba yakhe – usuku lapho umuntu azama khona ukumciphiza ambulale. “Ngabalekela ukufa nokuphila!” kusho uMama uMvunya. Kanti zonke izingane zomvunya zaqhaqhazela, zabalisa futhi zanyakazisa izimponjwana zazo ... Lokho kwakusho ukuthi sekuyisikhathi sokulala.



Ngelinye ilanga uMama uMvunya watshela izingane zakhe ukuthi azizikhiphele isidlo sasemini. “Feleng uwena omdala,” kusho yena. “Ngicela unakekele odadewenu nabafowenu.”


Imivunya ayidli zonke izinsuku ngakho imivunya emincane yayilambe kakhulu. Yalinda kwaze kwahamba wonke umuntu futhi kwathula endlini. Yaphuma ngamunye ngamunye emfantwini osodongeni lapho yayihlala khona. “Ngilandeleni,” kuhlebeza uFeleng. “Yenza njengoba ngenza nje.”

Yenyuka, yenyuka, yenyuka ngomlenze wetafula elikhulu. Phezu kwalo kwakukhona izincwadi ezivuliwe ezintathu noma ezine nephepha kanye namakhrayoni asakazekile. “Bhekani lokhu kudla okumnandi” kuntela udadewabo kaFeleng uPhuti. “Kuyinto enhle kakhulu ukuthi izingane zabantu zingamadlabha kangaka!”

“Ncamu!” kusho zonke izingane zomvunya ngenkathi zicaca emqolweni wenye yezincwadi. “Ncamu, ncamu!”

Kodwa wakhomba umdwebo omfonyoziwe uFeleng wathi, “Ningazidli izincwadi. Yidlani lokhu,” ekhomba umdwebo omfonyozekile. “Kunambitheka kangcono ngenxa yamakhrayoni akukhona.”

“Hho, kulungile,” kusho abafowabo nodadewabo. Babelambe kakhulu ukuthi bangalwa naye. Ngokushesha bonke base bematasa beluma umdwebo – bonke ngaphandle kukaFeleng. Okokuqala, wagqolozela imidwebo emnyama kanye nezithombe ezigqamile emakhasini avulekile encwadi. Wabe esegibela phezu kwayo waqala ukulandela kancane nangokucophelela umbhalo ngamunye. Ngasekuqaleni abafowabo nodadewabo babematasa kakhulu bedla, bengasakuboni akwenzayo. Emva kwesikhashana udadewabo omncane uFifi wabhaka phezu. “Wenzani, Feleng?” ebuza ngezwi elinswinizayo. “Awudli ngani?”



Wavele wamamatheka nje uFeleng. “Yima uzobona,” kusho yena. “Ngizobuye ngikutshele.”

Ngalobo busuku, ngesikhathi imivunya yezincwadi emincane igone kumama wayo emfantwini wodonga, uFeleng waqala ukukhuluma. “Ngiyazi ukuthi ufunani!” kusho uMama uMvunya. Wayethokozile ngemuva kosuku lwakhe lokuthula eyedwa ekhaya. “Ufuna ngikuxoxele indaba.”

UFeleng wasineka. “Hhayi ngalobu busuku,” kusho yena. “Fifi, tshela uMama ukuthi ngenzeni namhlanje.”

UMama uMvunya esezwile ukuthi uFeleng uwulandele kanjani umbhalo osencwadini ngesikhathi ezinye izingane zidla, waqala ukukhathazeka kancane. “Bewenzani Feleng?” kubuza yena. “Zonke izingane zidinga ukudla, uyazi nawe.”

“Ngingadla kusasa,” kusho uFeleng. “Namhlanje ngenze into engcono kakhulu – ngifunde ukufunda okubhaliwe!” Wabe esechaza ukuthi ubewubuka kanjani umbhalo omnyama emakhasini nezithombe. “Ngithole ukuthi bewungitshela okuthile,” kusho yena. “Ngemuva kwesikhathi ngiqale ukuqonda ukuthi imibhalo ibichaza ukuthini ... yizinhlamvu zamagama, kanti izinhlamvu zamagama zenza amagama. Amagama wona akha imisho, bese imisho yenza izindaba. Ngakho ungaphumula namhlanje, Mama – namhlanje ebusuku yithuba lami LOKUKUXOXELA indaba!”

Ngakho uFeleng waxoxela umama wakhe nabafowabo nodadewabo indaba yengane yomuntu eyaya emfuleni yahlangana nengwenya. “Yini umfula? Yini ingwenya?” kumemeza imivunya emincane.

“Angazi,” kuhleka uFeleng. “Kuzomele ngithole kabanzi ngalokhu kusasa. Kodwa isithombe sikhombise isilwane esikhulu, esesabekayo esinomlomo omkhulu kakhulu.”

“Njengabantu!” kusho uMama ngokuthuthumela. Zaqhaqhazela zakhala zonke izingane zemivunya, kwavevezela nezimpondo zazo ... Lokhu kwakusho ukuthi kwase kuyisikhathi sokulala.



Drive your  
imagination

# Get story active!

Here are some activities for you to try. They are based on the following stories in this edition of the Nal'ibali Supplement: *Where are you?* (pages 5, 6, 11 and 12) and *Feleng learns to read* (page 13).

## Where are you?

- 1. Draw a picture of your favourite part of the story.
- 2. Number the pictures below this box so that they match the order in which things happened in the story. Now use the pictures to retell the story.
- 3. Try walking while balancing a plastic cooldrink bottle and then a book on your head – just like Afrika and Asanda did! What other things can you balance on your head while walking?



# Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nayi eminye imisebenzi eqonde kuwe ongayizama. Isuselwe ezindabeni ezilandelayo kulolu shicilelo lweSithasiselo sikaNal'ibali: *Ukuphi?* (amakhasi 5, 6, 11 nele-12) nethi *UFeleng ufunda ukufunda okubhaliwe* (ikhasi le-14).


## Ukuphi?

- 1. Dweba isithombe sengxenye yendaba oyithandile.
- 2. Faka izinombolo ezithombeni ezingezansi kwaleli bhokisi ukuze ziqondane nokulandelana kokwenzeka kwezinto endabeni. Manje-ke sebenzisa izithombe ukuphinda uxoxe indaba.
- 3. Zama ukuhamba ngesikhathi uqikelela ukuthi awuliwisi ibhodlela emva kwalokho incwadi ekhanda lakho – njengoba nje u-Afrika no-Asanda benzile! Yiziphi ezinye izinto ongazibeka ekhanda zingawi ngenkathi uhamba?



## Feleng learns to read

- \* Take turns reading the story together, for example, one of you could read the words of Feleng each time.
- \* Glue scrap materials like plastic bottle tops and wool or string onto cardboard to create your own fishmoth. Or use paper to make a fishmoth:
  - 1. Cut out different shapes for the fishmoth's head and body.
  - 2. Colour them in.
  - 3. Glue the shapes onto a sheet of paper to make the fishmoth.
  - 4. Draw the mouth and eyes.
  - 5. Finish your fishmoth by using wool or string to create the feelers and six legs.




## UFeleng ufunda ukufunda okubhaliwe

- \* Shintshanani ngokufunda indaba ndawonye, ukwenza isibonelo, omunye wenu angafunda amazwi kaFeleng esikhathini ngasinye.
- \* Namathisela izinto esezilahliwe njengezivalo zamabhodlela epulastiki kanye newuli noma intambo ekhalibhodini ukuze uzenzele owakho umvunya. Noma usebenzise iphepha ukwakha umvunya:
  - 1. Sika ukhiphe izimo ezahlukene ukwenza ikhanda nomzimba komvunya.
  - 2. Zifake imibala.
  - 3. Namathisela izimo esiqeshini sephepha ukwenza umvunya.
  - 4. Dweba umlomo namehlo.
  - 5. Qedela umvunya wakho ngokusebenzisa iwuli noma intambo ukwenza izimponjwana kanye nemilenze eyisithupha.



# Nal'ibali fun

## Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



### 1. Make a badge

1. Cut along the red dotted line to cut out the badge.
2. Colour in the picture.
3. Cut a circle the same size as the badge from some thin cardboard, for example, a cereal box.
4. Use glue to paste the badge onto the cardboard.
5. Use sticky tape or masking tape to attach a safety pin to the back of the badge. Or make a hole at the top and thread some wool or string through it so that you can hang it around your neck.
6. Enjoy wearing your badge as you read and listen to stories on World Read Aloud Day.



### Yenza ibheji

1. Sika ulandele amachashazi abomvu ukuze usike ukhiphe ibheji.
2. Hlobisa isithombe ngombala.
3. Sika isiyingi esiwubukhulu obufanayo nebheji ekhalibhothini elilulana, isibonelo, ibhokisi lamasiriyeli.
4. Sebenzisa iglu ukuze unamathisele ibheji ekhalibhothini.
5. Sebenzisa itheyiphu yokunamathisela noma eyokumboza ukuze unamathisele isipeletu ngemuva kwebheji. Noma uvule imbobo phezulu bese ushutheka umucu wewuli noma wentambo ukuze ukwazi ukuligaxa entanyeni yakho.
6. Thokozela ukugqoka ibheji lakho ngesikhathi ufunda futhi ulalele nezindaba ngoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale.



### 2. Do you know what Neo, Bella and Afrika's favourite treats are?

Follow the paths through the maze to find out. Then use this information, as well as your favourite treat, to complete the paragraph.

Neo's favourite treat is \_\_\_\_\_, but Bella loves to eat \_\_\_\_\_. Afrika likes eating \_\_\_\_\_ and my favourite thing to eat is \_\_\_\_\_. Yum!

### Ngabe uyazi ukuthi yibaphi ongamngce ababakhonzile oNeo, noBella no-Afrika?

Landela izindlela kulesi siphico ukuze uzitholele. Emva kwalokho sebenzisa lolu lwazi, kanjalo nongcamngce wakho owukhonzile, uqedele isigatshana.

Ungcamngce okhonzwe nguNeo \_\_\_\_\_, kodwa uBella uyazifela ngokudla \_\_\_\_\_. U-Afrika uthanda ukudla \_\_\_\_\_ kanti mina engithanda ukukudla \_\_\_\_\_. Ncamu!




Neo/  
uNeo



Bella/  
uBella



Afrika/  
u-Afrika



ice cream/  
u-ayisikhilimu



bananas/  
ubhanana



watermelon/  
ikhabe

Answer: 2. Neo's favourite treat is ice cream, but Bella loves to eat bananas! Afrika likes eating watermelon and my favourite thing to eat is \_\_\_\_\_. Yum!

Nal'ibali is here to motivate and support you. **Contact us** by calling our call centre on **02 11 80 40 80**, or in any of these ways:

**UNal'ibali** ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. **Thintana nathi** ngokushayela inombolo yesikhungo sethu ethi **02 11 80 40 80**, noma enye yalezi zindlela:

[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) [f nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA) [@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)

Produced for Nal'ibali by the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Tiso Blackstar Education. Translation by Dumisani Sibiyi. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

Sowetan  
IN THE KNOW ON THE MOVE.



Drive your  
imagination

